

8 Ser 426

^{13/3/27}
Cele marriage customs
described in Isilala. ^{13/27}

^{18 1/4}
H. V. Mhlongo

1/19

1

17 Kwethembisana, kutekana.

1b

Umunu wayengatikhetheli indoda netomteka. Weyeticomela nje lisoka lakhe, ma esaticomela engakatiwa yinabadala. Athi la eseyimombi uyise amkhombele noma yilichegu nje noma yisiva nje yemunu nowethembekile, nowa tiwayo kwekuthi uyakwati kulondolota unanomunu. NoBonwayo futhi kwekuthi unetomo tekulo6ola.

Ayiswe khona ke unwanwa, agane, ke, ate atekwe a6e ufati wakhona.

2 Kuyambe kwayamba kwedeka loku, kweku6a umunu aganiselwe umunu engamthandi, ashiye lisoka lakhe, tenca6a tinombi manje. Inombi imtshela yise ithi, angimfuni lo munu nongiganisela yena. Uyise uphele amandla. Athi endodeni leyo, nayo ke inombi iyakwala. Mina 6engiyikhombise wena. Ngithi itotekwa uwena nwanwa kasi6ani6ani. Ngingeve ngethembe wena ngati ihlitiyo yeyihlo. Iyakwala ke inombatana. Tedele noku6onayo.

Ufana ke a6ite 6afwana 6ekhwa6o 6atoyethwala 6ayi ganise ngeyani. 6afike emtini 6ayivalele ekoyini. 6ayotshelaka sidwa6a 6ayibincise.

Ithi ma ineyani ayi6ambe unyeni ayimeketise ngeyani, eyiceda iyani ngo6a uyati kwekuthi ujutshwe yi6atali 6enombi.

3 Kuyasa uya koyi6ika. Uyanyo6a kuyise. Kulunge nje nenombi iphele iyani i6e seyimgana umunu lowo. A6e ayiteke.

Kuyambe kwayamba tahlakanipha tinombi. Ithi ma i6ona kwekuthi yise uyendisela kumunu nengamfuni, itshela lisoka layo kokuthi alilungise tomo isitofika itogana, ngo6a yise usefuna kuyiganisela kumunu nengamfuni.

Ifike ke isiva leyo neto kwethwala inombi neganiselwe yona. Inombi ithambe nje imthambe. Ivume iyambe naye.

Ifike ekhwa6o munu elikoyini, ingene nje ifike ihlale esikeni kahle nje igoye. ibite nesidwa6a ibince kahle ihloni- phe umuti lo negane kuwona. Ithi noma iya ngasese iphume igwegwese kahle njengemshakati.

4 I6e se iphuma kahle nje sengathi iya ngakandle.

Ifike ngakandle kwemuti ikhumule sidwa6a. Isi6eke kasi. Ithi mvi ngelijubane iye kogana ku6o soka layo. 6aye koyi6ika 6ayilobole 6ayishu6e 6akhongo 6agqagqiswe.

Futhi inombi ma ibonwa yisiva, iye ikhonye yede timbo, njengaloku:- Wo! he! Uyadela nolala esifu6eni sakho! Yiwu! Yiwu! Iyadela imungane nehlala esihlathini sakho! Yeyi! Wenombi! Uyongi coma nini? Woyi! Woyi! ngikufuna ungufati wami. Bavu! Ngilala ngelisaka! Wota utoba yingu6o yami. Coma nombi! Tokhe tino netinje.

5 Inombi le iganiselwa umunu nje, 6atali 6ayo 6ayatana ne6atali 6efwana. Kunesimwe sikhathi umina wefwana yi munu nosila lijiki nelimnandi ajwayele kuchwe6a a6atali 6enombi athi a6atoputa. Kunesimwe sikhathi uthi ma ehla6e iyomo ambite 6atodla 6ubende ngo6e ewumngani wakhe. Amuphe nennama. Kunesimwe sikhathi wediwa yiku6ona lisu lakhe nekwephana kwakhe a6one kokuthi uma unanami endeke kulomuti ngingadla ngesuthe kumkhozi.

Inombi ke itotshelwa kokuthi ayigane kulomunu yikhona itohlala kahle ngo6a a6atali 6efwana na6enombi 6aye vana.

6 Njengakufakwelve Gambushe wa6engeawusheni (isigodi) ngemithini khona la eliveni leTingolweni la. Wayengawati ntiliva, inombi neyamganayo. Kwakwatana 6atali 6efwana ne6atali 6enombatana.

A6atali 6efwana 6a6efuye tomo netiningi, netimbuti, nema- gusha, netuku. 6ekhule 6evana 6esetisiva netinombi.

Kwathi noma

sebenemiti Gatisana kakhulu. Kojwa Gabegcagene ngekwakha ngo6a umuti wekhwabo ntiliva wawungesheya kwemZimkuywana Owekhwabokufakwelve wawukengcawusheni. Lapha emthini nge-Tingolweni.

Abatali Genombi Gabesuka khona ngesheya kwemZimkhuywana Bete laha eNgcawusheni Bevakashele Gatali GaKufakwelve.

7 Gona ke Genombi Gati6ula ngantiliva. Gofwana Gati6ula ngaKufa-kwelve.

Kuthi njalo ma Beta Basho Bahlidekwe ngelijiki. Gafike cede Bahlabiswe imbuti noma yiligusha. Kunesimwe sikhathi Bahlabiswe neyomo.

Gatshelana ke tingane ti setingane kokuthi Satokwendi-selana ngo6a nomumwe utele inombi nomumwe utele isivwa Gasebebetana ngekuthi mkhozi kepha tingane tingatani tona. Gona se6enyonjelana.

Kuthe mhla Gegqina kuvakashelana, Ganqumelana lilanga inombi netofika ngalo itogoya.

8 Uthe efika ekhaya uyise wenombi wayeyi6ita eGuta kokuthi yi6obani tesheli tayo yasho ta6a ti6ili. wabuta kokuthi yona ngehlitiyo yayo nga igane siphil? Yathi inombi qha i6ingekaqa6angi. Wayesethi uyise itopheketelwa yi6afwana naba6ili Gaye koyiganisa kaGambushe. Wathi ayifune umgoyisi. Nempela yamthola wenombatana.

Kojwa inombi yayingamfuni lofwana ngo6a waye ngatange ayeshele. Kojwa ya yingenakwala ngo6a inombi iyitomo. Uma uyise esethe ayiye kogana kufwanele iye lapho nasho khona.

Yahlo6a ngetino tayo inombi. Yafaka neligcila layo. Gaphuma Gayamba ne6afwana naba6ili nenombatana neyombatana neyomhlalisa.

Gafika emtini. Amanombatana ema ngakandle. Gangena a6afwana. Gathi coshoshu. Ga6ingelelwa. Gavu-

9 ma. KwaButwa kokuthi Bayaphi Gathi, "Ake niphume niyobeka nayi inombi enyango".

Gapuma Gakikita. Bayingenisa yangena. Gabuta kokuthi iphumaphi. Waphendula umkhaphi wathi iphuma ngesheya kwemzimkhuywana. Gathi, pho, iyaphi. Wathi itogana kufakwelive wabuta kokuthi uyibitile yini wathi, eha. Gakikita. Bayingenisa elawini.

Gafwana Gabuyela nemunu noya koyibika ngoso. Wayibika ngetomo netiyima shume namaGili nesihlanu. KuBo kentiliva kwakhetwa tomo netiyishume nambili, netimwe Gathi timbi, abatifuni Bamgagqisa ngekushesha.

10 Waphatheka kahle ntiliva emtini wakhe ngoBa wayethandwa kakhulu. Kepha waphoxwa yikungatali. Atange ake emithe nakanye loku. Wate waguga engatange ayigone ingane. Wate wafa enga bitwa ngalutho.

Gatali Gabatana Bamphatha kahle ntiliva noma eyiludlolo abate Bamwethuka.

Inombi nesivwa Gabengatani kwakwatana Gatali kojwa naBo Gabonana cede Gathandana.

Yibatali Genombi nabacala kucala, ngoBa Gabona kokuthi inombi ingate igane kunemwe indawo kanti Gona Gebefuna kokuBa igane endlini yaGambushe umngani waBo nomkhulu.

11. Kuyedeka kokuba abatali benombi bacale kucala uma beconde ngekuyinyanzela inombi kumngani wabo.

Uma ke bacale kucala baye bakhipe abafwana bekuyikhapha, ukute bayibitele abanu bayikhulumele nakemtini. Kuthi noma yaliwe babike nakekhaya kokuthi yaliwe.

16

Kwanele kwangena abafwana nje betobika kokuthi nati tinombi ngakandle akeniye kotibeka, babuta kubafwana kokuthi yiyona yini inombi yabandalana? Bavuma.

- Wathi zokufa abaphume abafati bakikite. Yena waphuma wahlanganisa bafowabo, wabita nakufakwelve. Wabatshela kokuthi
12. nayi inombi yabandalana itogana kufakwelve. Bathini bona?

Waphendula umfowabo Zokufa wathi, "Kufa-kwelve yena utovuma kuganwa yileyo nombi nangayeshelanga? Aganwe nje ngoba inombi ithandwa uwe na?"

Ufwana wathi ca, ilungile inombi uma isingephukele nami ngiyayithanda, ngoba nabawo uyati kokuthi inombi iphuma endlini nemkholayo.

- Bathi, ke, kulungile. Pho! Itobikwa ngetomo netingaki. Wathi Zokufa, kimina kukhona tomo netiyilishumi. Wathi ufwana noganwayo, tami tiyisihlanu. Wathi umfowabo yise nomkhulu, "Mina ngito mupha ufwana tomo netiyisihlanu." Wathi umfowaboyise
13. nomncane, "Mina futhi ufwana ngimupha tomo netiyisihlanu ngoba umhloniphile uyise wayiteka inombi engatange ayeshele."

Kwabongwa. Kwabuteka ke kokuthi pho! Ubani notoya koyibika lenombi? Kwafunyaniseka kokuthi kutoya umfowaboyise nomkhulu, ayambe nebefwana ngoso bayambe bemchubisa tomo leti netiyimashumi namabili nesihlanu.

Babutana kokuthi uma uyise wenombi etibuyise netimwe koba etikabani. Bathi kobe etakhe Kufakwelve. Makoti afike avube kuto. Nakufakwelve atedele nakwedayo ngetiyaabi. Ma ehlabi atihlabele sidle inyama.

- 14.

17

Kwathumwa umfowabo Zokufa nomdala ukuyobika inombi. Wafika

tomo etichubiswa yi6afwana naba6ekhaphe inombi. 6am6eka egcek6eni cede 6amshiya. Watikhulumela yejwa ese6ika inombi leyo ne6aganileyo.

A6afwana se6engena endlini kuyise wenombi. Se6ethi caphu caphu kumlandisa ngemavana nama6uphi, kokuthi inombi ayaliwanga iganile. Nangu umkhongi etolobola x inyango.

Use6athuma ke yise ethi a6abite 6oyise ne6afowabo 6atolalela. Se6efika ke. Esekhumuma ke umhlaleli etikeke tomo tokhe nafika nato. 6oyise 6enombi se6ecale 6ekhumuma 6ojwa 6ehlenganisa amavi nabatowasho kumkhongi.

6aphume ke 6atinyefise 6atinyefise tomo, 6akhethe nabatitha-
15. ndayo 6ayeke nabatiyekayo.

6athi 6engakatifikaki isi6ayeni 6axhele nezwe iyomo neyulu, 6aye6ule idliwe. Loko kwedelwa koku ngate kungene tomo takemtini tichamele uquba wetomo takekhaya cede tiphume tiphela. 6abe se6ethatha inyongo 6echela ngayo uquba.

Naleti temtini ke tifi6e time tinga6e tisaphuma ngo6a inyongo nemsyani wato uhlangene nemquba wetomo tekhaya.

A6e sengena ke umhlaleli akhumuma ke x tinda6a netikhalo nakhala ngato. 6alalele. Kunesimwe sikhathi akhonge. Aqele koku6a 6amqagqise.

Amalungu emtini ahlanganise ligama li6e limwe natomphendula ngalo. Ku6e sekuphendula nomunye nje noma umfowabo6oyise wenombi nje, kungakhulumi uyise wenombi. Athe, thela phela ~~xxx~~
16. khwemwana. Thela ti6ito sikunike ufati wakho. Athi umkhongi, 'Angati phela kokuthi ti6ito tini nengitotikhipha.'

6athi, kahle ke si6ite nemina wenombi naye unetikhalo. 6a6itwe ke i6afati 6okhe 6alamadoda nakendlini 6akhaphe unina wenombi neganileyo.

I6e se ikhumuma ke indoda le ithi, "Ngifuna sikhwehlela (Upondwe noma yimbuti). Ngifuna lijazi (Upondwe noma yimbuti). Ngifuna ukhono wekugwata (10/-) ngo6a phela isiphumile imvulamlo (6opondo nabathathu noma iyomo). Yaphuma imvuka (pondo noma imbuti). Nenina wenombi utobita tino takhe.

Sekutokhuluma ufati nokhethiweyo kokuthi uyena ewunomo ngo6a tinda6a tokhe se6etihlanganisile 6engekangeni endlini.

17. Usethi ufati, "Ngifuna ingqaqamatinyo (5/-). Nelubojo (5/-). Nelubaqa (5/-). Nelibodwe (£1.) Nentlalakuse (£1). Nelukhamba nengagetela kulona ingane (5/-). Neyomo yemqhooyiso ke. Neli6we lekusila (£8).

Atishaye tokhe leti6ito mkhongzi ma etiphethe. Ma engatiphethe agoduke aye kotilanda ekhaya kuyise wenyeni nekunyeni.

6amnike cede atiyise. Akhonge. 6athi, "Khipha likhulu leku6a ufati wenu athenge tingu6o tekunembesa.

Agoduke a6ike ekhaya. 6amnike likhulu. Aliyise. Akhonge. 6athi 6uyisa inombatana. 6asile lijiki 6onine. Ifike ne6ayeni 6ayo. 6ehu6a 6esina. Afike yise wenombi ayemulise ngeyomo. Acole ukhwenwana ngenemwe x iyomo. Ne6anu 6agqwale 6eto6ukela 6ayeni 6etoda6ula sifu6a seyomo neyemulise mshakati wa6o.

18. Kudliwe ke inyama, yosiwe neyosiwayo. Kulswulwe i6anu 6elijiki. Kuyiwe etilawulweni kuyophutwa lijiki, kuqhithekwe. Umkhongi atshelwe kokuthi inombi isetoke itilungisele tino tayo. Uyo6uyeye a6uyeye nje atova lilanga.

I6e seyiyathenga ke inombi, ithenge, ithenge, ithenge, ikhithita tino tokhe netihle netotnika a6anu 6emtini wayo ma seyaba. Ithenga ngelikhulu leli neliphume emtini. Yeluke netithe6e nemakhukho neticephu netingceke, nemehludo. Ithenge ne6uhlalu ithunge tigege tetingane, nesikhwama sekufaka indwe6a yenyeni. Ithunge tokhe tino netihle leti te6uhlalu njenge6ugagu 6ayo.

19. Ahlalele mhlaleli. Kuthi ke ma inombi isithungile yaceda, 6amnike lilanga lelijiki x umkhongi. Athi ma eselicalile lijiki, atoli6ika. 6amnike lilanga lemjadu.

Afike yena ke umkhongi atokhipha ludwendwe. Afike cede 6amnike lukhukho nolusha. Nelibokisi lemshakati. Angathi uyahlala nje. A6aye ngemhlo. Adumele lukhukho lwakhe nelibokisi a6aleke. 6amshaye a6aleke.

Seluphumile ke njalo ludwendwe. Se6ethwala timahla tenom6i 6afati sekuyanjwa kuyiwa emtini kuyogqagqiswa.

Nakembili ke lutocondiswa w uyena mhlaleli elutshengisa amasango ekungena emtini. Nawo umthimba utovimbelwa emasangweni ukhiphe (5/-) sihlanu sabosheleni ungene. Ufike enyango kuvimbe
20. madodakati. Ungene ngekuaba ute wakhipha sheleni.

Mshakati ngeke ekudle kudla kwemtini kote kuphele umjadu. Utodla kudla kwakhe nabamphathale kona abanu bexhwaabo. Kuthi ma sekuphele umjadu ke abe umshakati abele abanu nababekwayo bemtini wakhe. Ayidilite ke imahla yakhe, imakhukho netithebe netingceke, neticephu, nemishanela, netinguabo tekulala netigciki netambulela nemincwato nemaduku nahlophe nabomvu naluhlata kuboshelwe etambuleleni netimnyama ngetulu.

Abesendlala lukhukho athathe umnikatimahla abeke elukhukhweni. Amembathise ngenguabo yakhe abeke yokhe imahla yakhe. Bokhe abacede ebedela njalo, njalo. Kwabo kwetinombi
21. temacaba.

Inombi ma yaba, yabela abanubemtini wayo, ngemjadu wayo, kuye kukhiphwe imahla ibekwe kandle. Nelibokisi lemshakati libekwe emahleni.

Icale ngeenyeni ibeke sihlalo sekuthengwa. Iithe ticephu netine esekucala isendlala etinyaweni ngakasi. Nesimwe isendlale ngakasi kwesihlalo. Nesimwe isendlale ngemuva kwesihlalo. Nesimwe isendlale ngembili cede, ibeke indishi yekugeta buso netinyawo, ngetulu kwayo. Esicephwini nesingemuva kutocekwa sikhwama sagwayi welipipi, nelipipi, namwentshisi; kubekwe sambulela nesimnyama, nesiboshetelwe ngeliduku nelihlophe ngetulu kubekwe lithavula, nesixubo, nesipho, nelikamu nesibuko; neludiwo lutiobelwe ngengceke nethungwe ngebuhlalu; Ibeke litshali lekulala; ibeke mapuleti namaqili netipunu tawo; ibeke tinkomishi netine nelitispunu; nesitsha sashukela; nelithibothi; nesiketekete, neligqongwe nelincane laphalifini: Nesigqoko nesiwumhanga. Kuthi ke ma sekupelile nje anikwe lukhukho lwakhe nolukhulu natojala kulo esukuma esefuna kulala. Anikwe neli yembe.

22. Ku be sekulandela uyise wanyeni, Ifike inombi yendlale lukhukho nolukhulu. Ithathe yise ngengalo imbeke etulu kwalo.

Imwembese ngengu6o nenesifanekiso x sengwe. (sembathwa ngaphi).
I6eke sithe6e nendishi yekuphakela. I6eke sipunu. I6eke
lukhamba, nengceke yekuti6ekela lukhamba. Nesikhetho selijiki.

Kube sekulandela unina wenyeni. Inombi ifike yendlale
lukhukho nolukhulu. Ithathe unina im6eke etulu kwalo.
Imwembese ngengu6o yekulala nasha. I6eke sithe6e nesilingeneyo
nje sekudlela; i6eke lukhamba nengceke yekulut6ekela. I6eke
sithe6e nesikhulu sekusilela lijiki. I6eke sinyati nesikhulu
sekufula.

Kube sekulandela 6afowa6oyise. Noma 6eyisihlanu noma
6e6angako 6atonikwa 6okhe ngamunye, ngamunye. Anikwe lucansi
nolukhulu nengu6o yekulala. Anikwe sithe6e, neludiwo nengceke,
nendishi yekudlela nesipunu.

Kube sekulandela 6onina la6anye. Na6o futhi 6anikwa 6okhe
noma 6e6angaki. Noma 6eyisihlanu, 6onikwa 6okhe. Emunye
anikwe lukhukho, nengu6o yekulala, nesithe6e sekudlela, nengceke
nelukhamba.

Nemadodakati noma eyilishuri a6ekwa okhe. Kuthi leyo
23. ndodakati nokuthe tomo tayo talo6ola umshakazi lo nobekayo,
inikwe kucala. Inikwe lucansi nolukhulu, nelitshali nelikhulu
lekwembatha emwini; nesiketelo sekuphakulutela kudla; nesithe6e
neludiwo, nengceke, nesinyati sekufula, nesipunu.

Okheke amadodakati ekhwa6o nyeni anikwe ngayinye, ngayinye,
enikwa lucansi nelitshali lekwembatha emwini, nesithe6e, ~~xx~~
nesiketela nesipunu neludiwo, nengceke, kuphela.

Unkhuluwo wakhe amnike sihlalo njengenyeni wakhe. Amnike
lukhukho nolukhulu. Amnike litshali lekwembatha esuku kephe
lingafwani nelenyeni ncwe. Amnike gwayi, nelipipi, neludiwo,
nengceke, nesiketelo, nesipunu, nesithe6e.

Na6anye ke a6afwana na6a y6afowa6o nyeni 6anikwa 6okhe
ngamunye ngamunye. 6enikwa sicephu, nesiketelo, nesipunu,
neludiwo, nengceke, nesithe6e.

Kuthi ke etindlini ta6oyise na6amwe akhethe etinganeni.
Akhetha ufwana wemat6ulo am6eke, ngo6a eyiyosana. Akhethe
inombatana yemat6ulo, ayi6eke, ngo6a iyiyosatana. Akhethe

ufwana wemagqino ambeke. Akhethe inombatana yemagqino ayibeke. Bokheke nabakekhathi naba ngabekwanga, batogeziswa ngebuhlalu.

24. Gedelwe tigege. Kuthi ingane nencane ithengelwe libuleki ligqwaliswe shukela, nesipunu. Tithi tingabuthana tokhe tingane, mshakazi atikhumise noseleyo awuphe yona ingane leyo kanye nelibuleki nesipunu.

Abanwanwa nabangabelwanga, nabageziswe ngetigege, babuye baphiwe tiketelo tekuphakulutela, kanye netipunu. Baphiwe nelinkomishi lekuphungela.

Kuthi nje ma mshakazi efikile ekhaya, yokhe ino ibe yintsha. Netingane timthande umshakazi kakhulu. Tikhalele kuyohlala naye nje ma ehleli, ngoaba naye uyatithanda tingane. Noma ephekile utipha kudla.

Tipho tenyeni.

Nenyeni uyateda tipho. Likhulu leli nelithenga tino temshakazi nabeka ngato abanu bemtini, libitwa kunyeni.

Kojwa asisho kokuthi yisipho siti yitibito yokhe ino nebitwa kunyeni ngoaba eganwe yinombi.

Kute kuthi ke ngelilanga lekuaba kwendiwa, kube yililanga lekhwemwana natohtoniphisa ngalo abakhwekati bakhe.

25. Amnike nemnqwazo. Kuthi ke bakhwekati nabanye abaphe iminqwazo nemabayi, bacwale ngawo bokhe.

Akhiphe nelitshali nelembathwa ubiki-biki. Nemese wekumqoba. Nesiketelo sekukhongotela kubende. Nazawoti wokuthela inyama. Anike ukhwekati wakhe.

Akhiphe tintshengula anike balamu bakhe. Uma engatholanga tintshengula lucoo lwato, abanike bozuka abalamu.

Uyise wenombi yena uhlalelwa yikuaba kuthi ma esetothethelela cede kwa-iwe, afike eyundleni abeke inombi yakhe. Asho tomo nelobolwe ngato. Akhiphe imandla yeyise, upondwe.

Ayisali emuva imandla ngoaba amadlozi atombamba unwanwa ma etala kanti imandla yeyise ayiphumanga.

Tipho netediwa yi6atali 6efwana.

Kuye kuthi ma sekugcagciwe kwacedwa, kuphele noma yinyanga noma yimasonto namathathu nje. 6akhulume 6atali 6efwana, kokuthi mshakazi uyalamba. Yiloku afika udla tihlamvu

26. unanomunu. Utokhumbula ku6o. Sithla6ani, loku yena nenyama atange ayidle yemjadu wakhe? 6akhulume ke 6a6onisane. Kubekwe etimbutini inondolo neqe6ile ngempela. Kuthumwe 6afwana 6aye kobuyisa timbuti. 6akhethe inondolo leyo nabe6ekhulume ngayo. 6ayinxibe ngenambo, 6ayingenise endlini. 6a6ite makhoti. 6athi, kusho yise, "Nanami, naku kudla kwakho. Ngithi yidla. Unga6ulawa yindlala." Athule umshakati. A6eke umunwe enomweni. Abeke kasi, akhophote.

6ayincume imbuti. 6akhongotele 6u6ende. 6aye6ule, 6ayihlide. Kuthi ngalelo langa kuphekwe ti6indi, netino tangekhathi. Kulale kudliwe. Kuse ngoso, kuphekwe luhlangothi lwenondolo, ku6itwe amawa6o, na6adlelana nawo. 6acocane. Yephulwe ke inyama. Ummuntane ayikhiphele esithe6eni nesikhulu. A6ite tithe6e netinqane. Kunesimwe, a6e eye6afati. Kunesimwe a6e yemanombatana nadla nemshakazi. Kunesimwe a6e ye6afwana. Kunesimwe a6e yetingane. Kusale yemadoda ke esithe6eni nesikhulu. Kudliwe ke kucedwe. Kwephulwe ne6u6ende kudliwe. Kuphungwe nephunga.

Kuthi ngoso kuphekwe nolumwe luhlangothi ku6itwane kudliwe kusihlwa. Kuthi nganolumwe lusuku futhi kuphekwe since, nehloko, nemancina. Ku6itwane kudliwe futhi. Kuphele ke kudla kwe

27. mshakazi nakuphiwe uyise wenyeni wakhe.

Nemkhongi futhi am6ite atomvakashela kwakhe. Naye afike amhla6ise imbuti ku6itwe na6emuti wamakhoti 6ayidle 6okhe 6agoduke mashona.

Ku6uye kufike nenina wemakhoti eto6ona ingane yakhe. Eyethwalele ngesinyati nesikhulu, ethwele noma yikudla kuni nokuluhlata. Naye afike acolwe ngembuti ahla6iswe, iphekwe idliwe yi6anu 6ekhaya. Naye a6one kokuthi unanakhe wende kahle uyadla.

lulimi lwakhe ma ekhuluma ngekuthi utoyiteka. Ibe icala yelukaluka ifihla yeluke nematicansi netithebe netingceke. Ithi ma se iganile se ilobolwa, yeluke icinise. Kuyalobolwa nayo iyacoca tino tayo. Kwejwayeleke kokuaba inombi igqagqe ngeminyaka nemithathu. Unyaka wekucala, ewekucalisa nekuyogana. Owesi6ili owekulobola nekukhonga. Owesithathu ewekukhonga nekugqagqa.

Ingoduso leyo uma ifika netino tokhe tekubeka, itothandeka. Uma ingafikanga natino tekwa6a itobe itihle6ile. 6ayihle6e 28. ingena, ku6e yilapha unanomunu esehlala ka6i yitinda6a tekuhle6wa. I6elula inga6i naso nesithudi ingane yemunu ijivatwa yikuhle6wa omtini.

Inombi ilobolwa iceda iminyaka nemi6ili. Igqagqe ngenyaka wesithathu. Ngemwaka wekucala iyagana uma ingagananga iqelwe. Ngemwaka wesi6ili ilobolwe iyingoduso. Ngemwaka wesithathu kukhongwe igqagqe.

Uma ite yalobolwa kwaphela iminyaka nemine, unyeni usuke ehlulekile yikulobola, engenatomo. Njengo6a kubitwa ti6ito nje manje, yiyona no leyo neyeda kute kuphele iminyaka nemi6ili kulobolwa. Ngo6a phela ufwana ufike acomise kucala. Ashiye ayambe ayose6eda imali yekunyoba. Abuye cede ayijahe inombi imcalise. Ahlone liduku. Lethulwe cede aye konyoba ngabopondwe nabathathu.

Kutothi futhi uma eseganiwe, ayambe aye kose6edela ti6ito. Tokhe tino netitobitwa ukhwekati wakhe ngenombi yakhe, utotikhipha Nato tokhe tino netitobitwa umkhwe wakhe ngenombi yakhe, utotikhipha. Tomo ke tona tilobole. Kugqagqe. Kucala tingakabikho ti6ito, inombi yayigana umwaka u6e munye igqagqe. Yimanje la sekute kuphele iminyaka nemi6ili umunu esayose6eda ti6ito. Ngokwetomo tojwa ngaku6e kulobolwa umwaka u6e munye vo.

29.

21

Inombi ithi isafika nje itogana, uyise wefwana ashaywe yilualo. Lumshaya njalo luvalo wediwa yisatelo seku6a titophela tomo esi6ayeni. Nokoke aticinise nje ngo6a ati kokuthi ukukhula kwemuti loko.

Ithi ma se ivumiwe yangena, a6e sebita abafowa6o 6etokhuluma kokuthi kutokwediwa njani ngalofwana nosecoce licala litihambela ngendlela waliletha ekhaya. Kubekwe ekhathi kwetomo tefwana ma tikhona tishaywe. Ma tingekho kuhlanguaniselwe. Akhulume uyise wefwana kokuthi tomo leto tobuya ngandlelani, noma tobuya ma sekugane inombi nethile. Kuhlelwe ku6ophwe kuvumelwane ke. Ku6e yikhona kuthumwa umunu notoya ko6ika inombi leyo.

22.

Inombi ma iya kogana ifike ithole umganisi wayo. Yece naye iye emtini. Ithi iyamba i6e se itshaleke ligqila. Ifike sebeyihlangabetile abafwana baye bayi6eke ngakandle kwemuti wekhwa6o. 6angene ke 6ona 6atshela salukati kwekuthi nayi inombi ngakandle. Sona ke salukati sitshela abanu nabadala kokuthi nayi inombi itogana. 6eve ke abafati ngakumnini muti kokuthi mayingeniswe yini, 6akikite ke.

Iqathule ke e6aleni nemganisi wayo, ite ingene cede iguqe kasi. Nemganisi aguqe ecaleni kwakhe. Abutwe ke kokuthi 30. utokwedani laha ekhaya. Kuphendule makhotshana athi ngitogana. Ku6utwe futhi kokuthi utogana 6ani. Athi ngitogana si6ani6ahi. Ku6utwe kokuthi uku6itele yini. Aphendule umganisi athi cha. Ku6e kuhle ke.

Nendoda netothumwa kokuyo6ika ku6o kanombi nayo itofike ikhulume isekenyango. Isho kokuthi Funelani nganeno nina 6asekuthini. Ngito6ika inombi yenu ngetomo netimi6ala nethile, nethile. Ngicela sihlo6o nesihle koku6a siphutisane amadi sokhelane nonilo.

Ma 6emvuma 6athi angene. Angene cede 6a6ite ke tokhe ti6ito ta6o nabatithandayo. Ayambe ke umkhongi, aye kotshela abanikati fwana noganiweyo, kokuthi kuthiweni emtini.

Inombi ke neganileyo yona itothota ligoqo. Ithi ma seyilicedile bayilande kekhwa6o. 6asile 6alwa no6uningi 6ede umnjonjo. 6ayilandile ke ngalowo mnjonjo.

I6uye na6o ke. Ihlale ihlale ekhaya i6e se ilungisa 6alwa yede umnjonjo iye emtini iye kothi ababase ligoqo neyashiya

ilithotile ngesikhathi igoyile.

6angeke 6ali6ase ligoqo emtini ingashongo ingoduso neyalithotayo. Uma 6eke 6ahluphekela kulona, 6ayalihlawula
31. ngesihlanu sabosheleni.

23.

Indoda ayikwati kutekela ufwana wayo kolonina iteke indoda-
kati yemfowa6o fati wayo ngo6a yisihlo6o nesikeduze lesa. Lowo
fwana uwumshana lapho. Ku6i umunu aganwa kolonina. Funa atale
tilima umunu eganwa yisihlo6o sakhe.

Kunesimwe sikhathi kuyedeka koku6a a6anwanwa 6atelane
6uhlo6o nobunje sebethandane. Luthando ke aluxe6uki kalula.
Uma seludalekile ludaleka nakendaweni nengafanele.

Kuye kuthi ke ma ufwana efuna kuganwa yinombi yemalume
wakhe, kukhulume a6anu nabadala 6asho kokuthi ngo6a sekwedeki
siphosiso a6anwanwa x 6athandana 6eyitihlo6o kufwanele kushaywe
iyomo nehlophe ihlawule 6uhlo6o. Uma sekwediwe ke loko, ngeke
6atitale tilima.

24.

Ufati weyosi noto6a yiyosikati akuve eganisa kwe6afati
6okhe. Kufike kuthi, iyosi uma seyimwe shele wavuma, sebete
6akhethana ngetihlitiyo tekuthandana kwa6o kwekuthi 6atothathana,
kutshelwe sive. Sive sitotshelwa kwekuthi nanji inombi
netoqelwa yiyosi ite itale iyosana neto6usa x sive.

Sekutothi sive sishaye tomo tekulo6ola leyo nombi.

32. Iqelwe ke ithiwe du. Ilo6olwe ngetomo temadoda. Ku6itwe
neti 6ito, ti6itwa kusona sive. Kuthi uma se ilo6olwe yacedwa
kugqagqwe ke kuthiwe du. Uma sekugqagqiwe ke, sive x sati
kokuthi lowo fati uyiyosikati yesive.

Kulindelwe ihlahla yekutala kuye. Kuthi ma etala ufwana
eti6ula seja6ule sive. Sati kokuthi iyosikati itele iyosana.
Lofwana ke utothi ekhula ku6e kwateka kahle kokuthi uyena
noyothatha sikhundla seyise a6e yiyosi uma sekufe yise.

Use6edi.

Yiloku kwathi cheke a6anu 6ayase6eda ehlabeni. 6ayalima,

bedela koku6a bathole kudla badle. Kulima abafati. Ufati nongalimi kuthiwa yilivila. Ahlekwe.

Amadoda awalimi. Kojwa manje aselima ngetiya6i. Kucala kade kulinywa ngemikhono. Kulima abafati. Lingatiwa litoho leli. Ufati u6efingqa ajuluke a6e madi, elimela tingane takhe. A6uye ahlakule futhi. A6uye ayihlole isimu yakhe isiphele kuhlakulwa. Isifithita, ikhihlita, ku6e kuhle ka6i. A6uye

33. ayifule, aphahele tingane takhe umbila nomusha kanye nefe. Tose tidle nefe ku6e kuphekwe lifuthu etiko netiga6e nemaselwa.

Uma tosa tingane ku6a khona ingane nendala netokosela uyise. Uma ingekho kose unina wetingane. Uma uvushiwe umbila, umunu nowosayo ulungisa amakhasi x nathambileyo awufake kuwona, anike ingane iye konika uyise. Adle ke. Athi eceda ku6e kufika nomumwe. Athi eceda ku6e kufika nomumwe athi eceda ku6e kufika nomumwe. Njalo nje. Kute kuphele wona umbila nowosiwayo. Kuthi la ingane se iyisa owokugqina, itshelwe kokuthi i6e yofike ithi sengikhathele. Yena ke utokwati kokuthi ingane ithi usuphelile umbila wokosa.

Acede cede, a6ite amadi enganeni. Imnike ngeno nokuphutwa ngayo. Athathe aphute axu6e. A6eke kasi. Icoce tokhe tino ingane. I6uthe amahleda isuse nende6e yemadi.

Ku6e sekwephulwa kudla nokuphekiweyo ke manje. Sito6a sojwa sithe6e semnumzane. Uma kukhona tisiva tingadla neyise. Sise sojwa sithe6e setingane. Esenina ke sisojwa. Udla

34. nemanombatana nasekhulile uma ekhona. Ebodweni ashiye sikhokho setingane netincane.

Uma ephaka, kuto6a yikuleso sithe6e a6eke umbila nemathanga (tiga6e) nemaselwa nesiwa sembila. Kutodliwa kudliwe kucedwe. Nabadala baxu6e. Kuwolwe ke amakhasi alahlwe etaleni. Kushanelwe endlini. Umnumzane ma ethanda atibemele ligudu lakhe.

Uphelile ke use6edi x kufati. Usetoqa6anga kokuthi utophinda aphekeni ntambama. Use6edi nawutela emtini wendoda yikuphemba unilo apheke kudla, akuse6ede neku6la futhi.

Ngako ke, ufati ukhululekile angatise6edela kudla kwakhe ngekwati kwakhe, ondle indoda yakhe. Ondle netingane takhe futhi.

Usebedi wakendle lo uyangebugagu bekukhuthala gemunu. Uma kulimwa noma kuhlakulwa, ufati uligamba ligeja lakhe ekhathi. Alushaye lukhula ate alukhahlele nangelunyawo. Indima ayale ilingene. Uyacala ekhuphuka nayo isicambalele. Ibadi etulu. Ayikhiphe. Ale nemwe a6e sehambe eyifetela kule yekucala la icambalale khona. Ahlakule ufati wemunu ate ajuluke a6e madi.

35. Kuthi nemadoda nadlula ngendlela akhulume ojwa ethi. Wateka ngempela sibani6ani lo. Ufati wakhe silwane alubeki lukhula.

Kuthi noma esenemanombatana nakhulakhulile, ahlakule nawo, awafundise lisu lakhe. Noma seligalele lilanga 6anga linaki. 6ona 6axabane nelukhula kuphela. Leyo nombatana neyomelela kanjalo esebedini, itogana ekuseni.

Ngo6a phela nesiva nefuna kuganwa iyabonisa. Ime ngetiqindi ibeke inombatana nekwati ku6amba ligeja ite ilikhahlele. Ibeke inombatana nekwati kuthota tuni igekelele sipheshula senyanda nengesuki kasi la. Nekwati kusila elitsheni lakasi, kute kuchilike amaphudi.

Utova sekukhuluma tigukeli tithi sibani6ani unenombi ngempela. Usutoloku ubona abanu nje bedlula ngakekhwakho kanti bayabonisa. U6one nabatotiqlisa amadi nje kanti 6aya bonisa. Nganelimwe lilanga utobona titheleka tomo titophuthuma lenombatana yakho nowayifundisa sengathi uyayihlupha.

36. Kuyedeka koku6a iyosikati ikhuthela ibajwe yilukhula yediwa yingob6a kwalimwa kanyekanye. Ithi iyiceda isimu nemwe ig6e seyenile, kanye nemwe futhi. Uma kunjalo ke, lofati utobona ngeku6ona kwakhe. Afune lisu nelingamsita.

Nomumwe utosila lijiki ameme lilima. Kutota abafati nemadoda. Mhlaumbe kuhlanguane amashumi namathathu, 6enga6alwa 6akekhaya 6atotheleka ke esimwini. Kunesimwe sikhathi 6ayicede isimu. Kuthi nge tikhathi tekudla tifiketindiwo te6alwa. 6ahlale kasi 6aphuze. 6acede cede 6ahlakule. Iphele cede isimu 6ayambe 6ayotiphuzela ekhaya. 6atidakelwe, 6alale kasi.

Nomumwe asitwe yinombi negane, ufwana wakhe. Imeme tinombi. Uma tiyivumile tige amashumi namathathu noma yimashumi

nayisihlanu. Tethwale kudla nebalwa namageja. Tivuke kakhulu tifikela ngakesimwini, tingatange tibatshela bakemini. Titheleke esimwini kunuke luthuli. Kufike netesheli. Tona ke tiye kotshelekelwa amageja khona emtini. Tihlakule tinombi leto.

37. Ufike umshakazi esegobe njalo sekukhala ligeja lojwa lukhula selundiza etulu. Engasakhulumi namunu. Esejuluke emnyama yilukhula.

Emtini bathi bebona ibe iphela isimu. Babone kokuthi umshakazi ka lowo.

Ticede cede tinombi tiye kogeza efuleni. Tibuye. Tethwale kudla tifique tikubeke emtini tihlale.

Batatatele abanu emtini bebengati lutho. Sebbona bethelwa yikudla nokwegqwele indlu nje, kuhamba nebalwa. Sebbona imbuthi neyulu beyingenisa endlini kumshakazi befike bethi kuye, "Naku kudla kwakho mshakazi. Setibonga ke tinombi."

Isikhuluma ke inombi ne umganisi isho kokuthi iqela bayiphekele kona lokudla. Sebeyihlida ke imbuthi beyebula beyithi du. Beyibobosa. Bekhama nemathumbu. Bewageza bethi du. Imile inombi ilindile. Ithathe umswanu iyowusakata la kungabeni munu. Ibuye.

Ithathe likhanda nemanqina nemathumbu ifake esitsheni. Inike umkhongi ithi nanji inyama yekhaya. Ibe se ithi kuhle umkhongi ayiphekele yona inyama yetinombi.

38. Ivushwe imbuthi. Yephulwe yonke ngesamba inikwe tinombi. Inombi nekhethiweyo ke iyemukele iyabe. Nemkhongi imabele sithebe sebanu bemtini nesakhe.

Tidle ke tinombi. Ithathe nemwe iphe ingane yemtini nethile. Ithathe nemwe iphe umunu wemtini nothile njalo nje, ngoaba tiyephana tinombi. Nebanu bemtini bayidle badumale nato tinombi tidle tidumale. Tigoduke ke.

Batiphekezele tinombi. Tixhawule tiyambe. Asale umshakazi nomganisi wakhe. Balale. Uma becedile esimwini, batovuka kumnyama bakhe amadi ngetimbiza. Bawabeke. Bayambe baye kothota. Babuye nelihlathi lonke.

6ati6eke ngakandla tuni. Angene umganisi athathe timbiza. 6ayambe 6aye kogeza imitimba. 6anga6uya 6apholile. 6a6eke amadi, 6angene endlini 6ahlale 6agoye.

Kungene ke kudla. Kungene nengane yemtini netodla na6o. Ikhe kucala. 6adle uma isadla lengane. Uma ike yayeka nje 6engakesuthi na6o 6akuyeke kudla. Ngakoke uthetho uthi, Ingane netodla nemakhoti mayingacali idle ekhwa6o iyaya kumunu wentini yesuthi naye useyeka kudla engesuthi.

Kuthi ma se6ecedile i6anike amadi 6acube 6aphuze. Iphume netitsha.

39. Sekutosuka umganisi aye koqela umbila. 6amnike adumele amatshe ekusila nama6ili, kanye netimbokodo tawo, netisekelo. Awangenise elawini. Mshakazi aguce kwelakhe nengganisi aguce kwelakhe. 6awuwoklote umbila. Kuchilike amaphudi. Uma umbila 6esheshe 6ewucedu, 6alande nomumwe. Na6anu na6ato6ona umshakazi 6amfice esila 6a6one kokuthi ufati ngempela.

Kuthi ntambama futhi 6athathe titsha temadi 6aye kogeza cede 6a6uye nemadi. 6awa6eke 6ahlale. 6a6uye 6aye esigqakini. 6a6uye. 6adle 6alale. 6use 6avuke 6aconde efuleni. 6a6uye 6ayothota 6ayede yokhe imise6edi na6e6eyede izolo.

Kungaphuthi kuthota ngo6a 6ajahla kweda ligoqo. Nganelumwe lusuku 6aye ka6ili kothota ma6e6ona kokuthi kukhona lithu6a. Uma 6efike ku umsombuluko la emtini 6ote 6agoduke ngemsombuluko nomunye.

Ligoqo 6atolibekelela kahle 6afune ti6onda 6alibehele licine 6alibeophe ngetinambo. Ngeke li6aswe leligoco. Kote ku6uye yena umshakazi ethwele ukudla eto 6ika kokuthi ali6aswe ligoco. 6alibase ke 6adle kudla ku6e kuhle.

40. Inombi iganile inelukhula.

Uma umshakazi ebajwe yilukhula, efike kulimwe kakhulu emtini kwalimelwa kanyekanye, unina nomtalayo uye ameme a6afati aye komhlakulisa nemwe isimu yakhe. Kunga6i mahloni loko. Kuthi uma la6afati 6engayicedanga leyo simu, asale unina lo asale eyihlakula ate ayicede. Agoduke ke ma se iphelile. Lalingediwa litho.

K13/27

19*

s426

40cont

Kunesimwe sikhathi lukhula lungapheli kute kufike sikhathi sekuba umshakazi abelethe. Unina nomtalayo abone kokuthi ingane yakhe itophatheka ka6i ithi i6elethe i6e seyiloku ihlalelwe yilukhula. Noma isitiphathele kahle itoloku iya kotikhahlata endle. A6e sefika ke eto6elethisa. Kuthi uma ese6elethe, unina nomtalayo ahlale amasonto nama6ili e6ingqa imise6edi yakendle.edela koku6a unanakhe etoke ahlale kasi anqelise lusana lwakhe ngehilitiyo nehlophe, engenaluvalo lwesimu nene-lukhula. Athi nenina wemshakazi emesi6indi e6ona kokuthi unanakhe uphumelele ma ethole ingane. Uwufati wempela. Uphumile ehlambeni yekwethukwa kuthiwe yinyumba. Watokwandisa amasimba emtini wakhohlwa ukutala abanu.

END. S 426